

# IZIGI

THE OFFICIAL NEWSLETTER OF SAFDA  
MARCH - MAY 2024

## ZABALIMI



RV Price February 2024:

R 7 426,88 per ton (an increase of R82.79 vs Previous Season) "d" factor 0,502716



Kubungazwe umsebenzi omuhle kwezolimo: Amazwibela ama-SAFDA Farmers Awards

PG 3-4



Kubungazwe uDkt Siyabonga Madlala kwi-Black Agricultural Commodities Federation AGM

PG 5-6



I-SAFDA yethule ngempumelelo iphrojekthi yemfuyo eMkhuze

PG 11-13



I-M10 Farming Enterprise CC ithole imishini yokulima yenani lika R1.7 million

PG 17

# TABLE OF CONTENTS

**3 - 4** Kubungazwe umsebenzi omuhle kwezolimo: Amazwibela ama-SAFDA Farmers Awards

**5 - 6** Kubungazwe uDkt Siyabonga Madlala kwi-Black Agricultural Commodities Federation AGM

**7** I-SAFDA isingathe i-AGM ngenkulu impumelelo

**8 - 9** Kwethulwe i-Makhathini Lower Pongola Water User Association

**10** Kucelwe ubumbano kubalimi abamnyama kwimbizo ye-SAFDA ebiseMpumalanga

**11 - 13** I-SAFDA yethule ngempumelelo iprojekthi yemfuyo eMkhuze

**14 - 15** Kushintshwa Umsebenzi Wokulima Umoba: Sibheka i-Seed-cane Project yase-South Coast

**16** Mvelo Gumede: Udaba lokuthuthuka nokuphumelela ngaphansi kwe-NARYSEC

**17** I-M10 Farming Enterprise CC ithole imishini yokulima yenani lika R1.7 million

**18** IKhayalethu Capital Partners: Kunikezwe abalimi bomoba amandla ngokwezimali

**19** Ikhava kamasingcwabisane iyaqhube ka nokusebenza nabantu sebethole omakhalekhukhwini babo

# KUBUNGAZWE UMSEBENZI OMUHLE KWEZOLIMO: AMAZWIBELA AMA-SAFDA FARMERS AWARDS



Ngomhlaka 24 Novemba 2023, i-South African Farmers Development Association (SAFDA) isingathe umcimbi wayo waminyaka yonke wokubungaza abalimi futhi ophinde unikeze lenhlangano ithuba lokubonga labo esebebenziana nabo emsebenzini owenziwa i-SAFDA. Kulobusuku kubonakale ubukhazikhazi, izicukuthwane zishaye indwangu eseizingeni eliphezulu enombala omnyama. Abalimi abebekhethiwe kuma-awards, abasebenzi be-SAFDA, abaphathi, amalungu e-CEC, izihambeli zikahulumeni nabanye abasebenziana ne-SAFDA bafike ngobuningi babo ukuzobungaza umsebenzi omuhle owenziwa kulemboni.

Lomcimbiosuphendukeusikoubanjwangenhoso yokufeza izinto ezimbili. Okokuqala, ukubungaza nokuklomelisa abalimi ngomsebenzi wabo, nokuqhamuka kwabo namasu amasha okwenza umsebenzi kanye nokuzinikela. Ngokwenza lokhu, i-SAFDA ikhuthaza usiko lokukhula ngokomsebenzi kubalimi futhi igquqquzelu abalimi ukuba bagcine izinga eliphezulu abaphatha ngalo amabhizinisi abo.

Okwesibili, lomcimbi unikeza i-SAFDA ithuba lokubonga izinhlaka okubanjiswene nazo okubalwa kuzo izikhulu zikahulumeni, izinhlangano ezingenzi-nzuko, izinhlangano

zocwaningo ukukha phezulu. Labo phathina badlala indima emqoka kumsebenzi owenziwa yi-SAFDA, okuholela ekuthuthukeni kwezolimo eNingizimu Afrika yona.

Lomcimbi kanokusho uveze ngokusobala ukubaluleka kwabalimi abangaphansi kwe-SAFDA nendlela lenhlangano ebabonga ngayo ngokukhulisa imboni yezolimo kulelizwe. Ubukhazikhazi balomcimbi buveze izinga eliphezulu lezinhloso ze-SAFDA.

Izithameli ezahlukene ebeziyingxene ye yalomcimbi zikhombise ngokusobala ukubambisana phakathi kwe-SAFDA nezinye izinhlangano. Kulezithameli bekukhona abalimi, abasebenzi be-SAFDA, amalungu e-CEC nezikhulu zahulumeni. Lokhu kukhombise ubumbano oludingekayo ukuze kulungiswe izinselelo ezikhona kulemboni yezolimo, futhi kubhekwe amathuba akhona entuthuko.

Kulobusuku, imizamo ye-SAFDA yokukhuthaza abalimi ibonakale ngokusobala. Ngokubungaza abalimi abenza kahle, lomcimbi ubuhlose nokukhuthaza abanye abalimi ukuba banyuse amasokisi. Ukubungaza umsebenzi omuhle kwezokuphathwa kwamasimi, nokuqhamuka nezindlela ezintsha zokusebenza kanye



nokuzinikela kuzoba nomthelela omuhle ekuzinzeni kwemboni yezolimo yalapha eNingizimu Afrika.

Ama-SAFDA Annual Farmers Awards ka 2023 abungaze abalimi abashaye into ecokeme emsebenzini wabo, futhi aqhakambise ukubaluleka kokubambisana nokubonga indima edlalwa izinhlaka zangaphandle okubanjiswene nazo. Lomcimbi uphinde waveza umoya wokuthuthuka embonini yezolimo yase Ningizimu Afrika.



# KUBUNGAZWE UDKT SIYABONGA MADLALA KWI-BLACK AGRICULTURAL COMMODITIES FEDERATION AGM



umkhiqizo wabalimi abamnyama futhi ibanikeze amathuba okudlala indima kumnotho wezolimo nasemazweni angaphandle kwase Ningizimu Afrika; lenhlangano iphinde ifeze izinhloso ze-Agenda 2063 zokuthuthukisa izwekazi lase-Afrika.

Izinhlangano ezasungula i-BACF okubalwa kuzo i-African Game Ranchers Association, African Poultry Producers, Deciduous Fruit Development Chamber (SA), Livestock Wealth, National Emerging Red Meat Producers' Organization, South African Farmers Development Association kanye ne-South African Grain Farmers Association, izinhlangano ezsabalele ezweni futhi ezidlala indima enkulu emkhiqizweni wezimpahla okubalwa kuzo izinkukhu, ushukela, izinhlamvu ezitshalwayo, izithelo kanye nenyama ebomvu.

Inhloso yalenhlangano ngokufinqiwe, ikhulumo ngokuletha intuthuko nempumelelo ngokulandela izindlela zokusebenza ezineqiniso futhi ezilandela umthetho, ukuletha usizo Iwezimali kanye nokuthuthukisa inhlalo-mnotho yezinhlango ezingaphansi kwayo. Konke lokhu kuhambisana nezinhloso ezinkulu ze-Agenda 2063.

I-Annual General Meeting (AGM) esanda kusingathwa emahhovisini amakhulu e-ARC ihlangane nokubungaza unyaka wokuqala kwasungulwa i-BACF futhi kube isithangami esihle sokudingida i-Plan of Action ka 2023-2028.





I Kulomcimbi bekukhona izikhulu eziqavile okubalwa kuzo uDkt. Pali Lehohla obeyi-Statistician-General eNingizimu Afrika no-Zoleka Capa ongukwazi Sekela Ngqongqoshe womnyango we-Agriculture, Land Reform, and Rural Development.

kakhulu ngobuholi ukhulume ngogqozi ngokusebenzisana ne-Interfaith Forum of South Africa (TIFSA), nalapho egcizelele khona isidingo sokubambisana ukuze kunqotshwe izinselelo ezibhekene nezwe. Ucele ukuthi kuthathwe indlela ehlukile ezokwazi ukwakha ubumbano ukuze isizwe sithuthuke. UNksz. Zoleka Capa udlulise imininingwane ngokuzibophezelu kukahulumeni kwezolimo, ukubuyiselwa kwabantu umhlaba kanye nokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya, lapho ebalule khona ukubambisana phakathi

UDkt. Lehohla owaziwa bakhe kuma-statistics

kwe-BACF nezinhlaka zikahulumeni.

I-BACF isuzuze okuningi gonyaka wayo wokuqala njengokutholela amalungu ayo imihlomulo okubalwa kuyo izinhlelo zokuqe qeshwa, izinhlelo zocwaningo okubanjiswene kuzo, izivumelwano zama-airtime nama-data, i-funeral cover engabizi kanye nezinhlelo zokunakekelwa ngokwezempi lo zabalimi neminden yabo.

Ngesikhathi sekuphothulwa i-Annual General Meeting, uDkt. Siyabonga Madlala, ongukwazi Sihlalo Ophezulu we-SAFDA unikezwe isipho (plaque) ngendima yakhe nokuzinikela kwi-Black Agricultural Commodities Organisation.

Njengoba i-BACF iphokophele ngokuzithembu phambili, i-AGM ituse lenhlangano ngokuzinikela kwayo ekuthuthukiseni abalimi abansundu nangemizamo yayo yokulungisa imboni yezolimo eNingizimu Afrika. Njengoba izinhloso zayo zicacile futhi ibambisana nezinhlangano ezinamandla kulomkhakha, i-BACF isesikhundleni esihle sokuqhubeka nokuletha ushintsho ezimpilweni zamalunga ayo nomphakathi wonkana wabalimi.



# I-SAFDA ISINGATHE I-AGM NGENKULU IMPUMELELO

Ngomhlaka 24 November 2023, I-South African Farmers Development Association (SAFDA) ibambe i-Annual General Meeting yayo yesishagalombili KwaShukela. Lomhlangano uthanyelwe izihambeli ebezidlule ku-50 ezivela kumagatsha ahlukene eSAFDA, obekubalwa kuzo abalimi baseMpumalanga. Lemihlangano yama-AGM inikeza labo okusetshenziswa nabo ithuba lokuxhumana nethimba labaqondisi benkampani. Ijwayele ukusingathwa kanye ngonyaka kanti inikeza abaqondisi nalabo abanamasheya ithuba lokudingida umbiko wonyaka wenkampani. Ngaphandle kokudingida izindaba zebhizinisi, i-AGM kuba isithangami sokudluliswa kolwazi, kuboniswane kuphinde kwensiwe izinqumo zebhizinisi.

Kumbiko wonyaka othulwe uDkt. Siyabonga Madlala onguSihlalo Ophezulu we-South African Farmers Development Association (SAFDA), lenhlangano iqale ngokubungaza unyaka wayo wesishagalombili yasungulwa okuyinto ethakaselwe kakhulu. Kulonyaka kugxilwe kakhulu kwizinhlelo ezizonikeza abalimi amandla okuzimela ngokuqhamuka nezindlela ezintsha zokungenisa imali, ikakhulukazi kubalimi abasathuthuka ababhekene nezinselelo ezahlukene.

Okugqamile kube ukuzibophezela kwe-SAFDA ekwakheni imishini eJozini ngenhlosi



yokunqoba izinkinga zokuswela izinsiza nezindleko eziphezulu zokwenza umsebenzi. Ngaphandle kwezinselelo ezbhekene nemboni kashukela, i-SAFDA yenze umsebenzi omkhulu wokuniweza abalimi amathuba okuthuthuka ngokuletha amaphroekthi afana ne-Melmoth Restitution Project. Lenhlangano idlale indima enku ekuletheni ushntsho kulemboni, lapho ebenesandla khona ekuletheni i-Transformation Fund ka-R1 Billion nokuseka i-Sugar Master Plan. Ngaphezu kwalokho, i-strategy se-SAFDA ezivuselelwe sibala ukwethulwa kwe-SAFDA Financial Services ezonikeza abalimi usizo Iwezimali. Ama-Farmer Production Support Units (FPSUs) avezwe njengenyenye yenziwe eziletha ushntsho embonini njengoba ewusizo olukhulu kubalimi.

UDkt. Madlala uveze ukubonga kwithimba le-SAFDA ngokuzimela kwalo waphinde wagcizelela ukubaluleka kosizo Iwezinhlaka okubanjiswene nazo ukuze inhlangano iqhubeke ekufezeni izinhoso zama-Sustainable Development Goals kanye nokunakekelwa kwemvelo.



# KWETHULWE I-MAKHATHINI LOWER PONGOLA WATER USER ASSOCIATION

Kwimizamo yokulethela abantu namabhizinisi amanzi, uNgqongqoshe we-Water and Sanitation, uMnuz Senzo Mchunu, wethule ngokusemthethweni i-Makhathini Lower Pongola Water Users Association. Lososeshini oholwa ngu Sifiso Mnguni oyiNhloko ye-SAFDA Grower Development uhlose ukongamela izinsiza zamanzi okubalwa kuzo iJozini Dam, umfula wasoPhongolo kanye neMakhathini Canal, lapho kuzohlomula khona imiphakathi yaseMkhanyakude naseZululand.

UNgqongqoshe, ephelzelwa uSekela Ngqongqoshe uDavid Mahlobo kanye noNgqongqoshe be-Agriculture, Land Reform and Rural Development uThoko Didiza noNokuzola Capa bathathe loluhambo ngo 13-14 December 2023 – okugcizelele ukuzibophezela kukahulumeni ekuxazululen i zinkinga zamanzi kulesifunda.

IMakhathini Canal engamakhilomitha angu-32 nama-cubic meter ( $m^3$ ) angu 141, 754 isidluliselwe kwi-Department of Water and Sanitation isuka kwiSilwane Trust. Lokhu kwensiwe i-Agribusines Development Agency (ADA) okuyibhizinisi elingaphansi kwe-Department of Agriculture, Land Reform, and



Rural Development (DARRLD) KwaZulu-Natali. Ngesikhathi behlola lendawo, uNgqongqoshe Mchunu noSekela Ngqongqoshe Mahlobo babone ukulinyazwa kwezakhiwo namanzi adonswa ngokungemthetho kulendawo okuholele ekulimaleni kwezakhiwo kwaphinde kwangcolisa namanzi. Imali elinganisela ku R122 Million kuzolungiswa ngayo le-canal ukuze isebeenze kahle.

Lendawo idonsa amanziedamini laseJozini mese iwadlulisela kuma-pump station ayisithupha. Lamanzi enza imisebenzi eyahlukene njengokunisela, ukucheleta nokunye okusiza abalimi kanye neminden ehlala kulendawo. UNgqongqoshe Mchunu ugcizelele ukubaluleka

UNgqongqoshe Mchunu ugcizelele ukubaluleka kwe Makhathini Lower Pongola Water User Association ekuholeni izingxoxo nokuxhumana nezinhlaka nomphakathi. Indima yaloososeshini ibalulekile ikakhulukazi kwizinqumo ezizothathwa ngokukhipha amanzi edamini laseJozini ukuze asetshenziselwe izinhlelo zokuvikela imvelo nezohwebo. Lokhu kuzonikeza abantu bendawo nabalimi ithuba elilinganayo lokusebenzisa amanzi.






Ephendula ngalokhu, uMnuz Sifiso Mnguni, onguSihlalo weMakhathini Lower Pongola Water Users Association, uthe "Labalimi nabanye abasebenzisa amanzi ngaphansi kososeshini wethu sebeyakwazi ukubeka imibono ngezidingo zamanzi abanazo, okuyinto esiza isifunda sethu sikhazi ukunakekela amanzi kangcono. Ngaphansi kobuholi be-WUA, abalimi nomphakathi uzohlomula ngokukhokhelwa ukusebenzisa amanzi. Inkinga enkulu phambilini bewukuthi abantu bebenganawo amalayisense

okusebenzisa amanzi futhi bebengawakhokheli amanzi."

UMnguni uphinde waveza nemivuzo yokunakekelwa kwamanzi ngaphansi kwe-MLP WUA, lapho abale khona ukwakheka kwamathuba okwenza amanye amabhizinisi, njengezokuvakasha, wakhuthaza abantu ukuba banciphiseukungcolisa amanzikanyenokudonsa amanzi ngendlela engekho emthethweni.

Ukwethulwa kwe-Makhathini Lower Pongola Water Users Association kuyigxathu elikhulu elibheke ukuphathweni kwamanzi ngendlela efanele nokuletha intuthuko emphakathini nokuxhasa izinhlelo zolimo eMkhanyakude naseZululand.



# KUCELWE UBUMBANO KUBALIMI ABAMNYAMA KWIMBIZO YE-SAFDA EBISEMPUMALANGA



Inhlango ye-South African Farmers Development Association (SAFDA) ibambe Imbizo ebalulekile ngomhlaka 08 February 2024 eMpumalanga e-Emmanuel Assemblies of God. Lomcimbi unikeze abalimi ithuba lokudingida amaphrojekthi aqhubekayo, izindaba ezithinta imboni kashukela kanye nezinselelo ezahlukene ezibhekene nabalimi bomoba kulesifunda.

Lembizo ilethe ithuba lokuthi izinhlaka zisebenzisane futhi yakha ubumbano phakathi kwabali bomoba. Ukuzinikela kwe-SAFDA ekuthuthukiseni abalimi abamnyama kuhinde kwabonakala kulembizo ngesikhathi kuqhubeza izinkulomo ebeziveza indima edlalwa ilenhlangano ekuletheni ushintsho oluhle kulemboni yokulima umoba.

Lomhlangano uholwe uMnuz Mose Mkhabela, oyi-SAFDA Mpumalanga General Manager, owenze umsebenzi oncomekayo ngobuhlakani. Imibiko ithulwe osihlalo bama-MAC, okungo Mnuz J Ndimande (Malelani) no-Mnuz E Mashabane (Komati) abaveze imininingwane ebalulekile ethinta imboni kanye namaphrojekthi aqhubekayo. UNathi Phakathi naye uthule

umbiko onzulu ngamaphrojekthi aqhubekayo ngaphansi kwe-SAFDA, nalapho agcizelele khona ukuzibophezela kwe-SAFDA ekuthuthukisweni kwemboni yokutshalwa komoba kulesifunda.

Kulembizo, izithameli zithole ithuba lokuxhumana futhi zidingide izinto eziningi. Lezingxoxo zidlale indima enku lu ekwakheni umhlahlandlela ohlose ukuletha izixazululo kulezinselelo ezibhekene nabalimi.

Okunye okugqamile kube umbiko woxhaso Iwezimali Iwabalimi othulwe uMnuz L Mabila, lapho egxile khona kwi-MAFISA. Lombiko uveze usizo Iwezimali abalimi abangalusebenzisa.

UDkt Siyabonga Madlala, onguSihlalo Ophezulu we-SAFDA, uphethe ngokugcizelela ukubaluleka kobumbano phakathi kwabali bomnyama ukuze bathole amandla nempumelelo. Ethula inkulomo ehholo ebelligcwele abalimi, uDkt. Madlala ugcizelele isidingo sokusebenzisa uhlelo oluyinhlanganisela lokubhekana nezinselelo ezithinta abalimi bomoba eMpumalanga.

# I-SAFDA YETHULE NGEMPUMELELO IPHROJEKTHI YEMFUYO EMKHUZE

I-Mbulungwane Community Trust isiqala ukubona imivuzo yokubambisana ne-South African Farmers Development Association. UNhlakanipho Khumalo (SAFDA Project Manager) ubesebenza zinsuku zonke ngisho nangamaholidi ka December 2023 ukuze aqinisekise ukuthi lephrojekthi iqala ngesikhathi. Kuhlelwe ukuthi kusizwe lephrojekthi ukuze ingenise inzuso futhi izinze.

Lephrojekthi ebe nokubambezeleka ngenxa ye-COVID, iphinde yaqalwe kabusha ngo 2023 futhi kuhloswe ukuthi kushintshwe izimpilo zabalimi. Ukufuya izinkomo nezimbuzi kube umbono wehhovisi lakwa Nongoma le-Department of Agriculture and Rural Development njengebhizinisi elifanele kulelifamu ebelyi game farm phambilini. Abe-SAFDA, i-DARD ngokuhlanganyela neMbulungwane Trust bahlole lelifamu ngaphambi kokuvumelana ngokuthi ibhizinisi lemfuyo ilona elifanele lendawo. Kuxoxiswane nochwepheshe bemfuyo nabo abaqinisekisile ukuthi ilona bhizinisi elizongenisa umnotho, noma kukhona i-Senekal



Game Reserve engaba nomthelela kwezemvelo.

Inkosi yaseMndlakazi Traditional Council, uZulu ubonge i-SAFDA wabe esehalalisela iMbulungwane Trust ngalempumelelo enkulu futhi waqhakambisa ukuthi lephrokethi izoletha ithemba emphakathini. Uphinde wanxusa umphakathi osondelene nalelifamu ukuthi ulivikele futhi ubike uma khona abalimaza ucingo olubiyle kulendawo. Inkosi iphinde yeluleka umphakathi ne-Trust ngokuthi bavikele lephrojekthi ngezikhali zamantungwa.

## SIHLAZIYA LEPHROJEKTHI

Lephrojekthi ithole uxhaso lokuqala luka R6.5 Million kwi- Department of Agriculture, Land Reform and Rural Development (DALRRD) ngaphansi kwe-Regional Claims Commission. Lephrojekthi ibihlose ukushintsha i-game farm ukuze ibe ifamu lemfuyo ngokuletha lezinsiza ezilandelayo: Ucingo lokubiya, i-camps fence, ucingo lokubiya ngaphakathi namasango akhona, i-Borehole enethangi lamanzi elingu 10kne-Solar Pump, izinkomo ezingu 74, Isibaya, nezakhiwo sokungena izinkomo, izimbuzi ezingu 100, Indlu enamagumbi amahlanu, Indlu yonogada, i-Bakkie

lefamu ne-Quadbike. Iphrojekthi yezinkomo isiphothuliwe kanti eyezimbuzi kubhekwe ukuthi iqedwe ngo-March 2024.

Izindawo zase Mandlakazi, kwaNongoma kanye nase-Mkuze zinesimo esihle sezulu lapho imfuyo ikhula kahle khona. Kodwa-ke, lokhu akwanele ekutheni imiphakathi ithembele kwimfuyo kuperha. IMbulungwane ihlele ukukhulisa lephrojekthi ngokwakha eminye imisebenzi ezokwenza lomphakathi uhlomule.

# AMATHUBA EMISEBENZI

Lephrojekthi iqashe abasebenzi abantu 26 okubalwa kubo: i-Junior Farm Manager eyodwa, Admin Officer eyodwa, Onogada abane, Abalusi abane kanye nama-general worker angu-16 enza imisebenzi efana nokubiya, ukwakha nokulungiswa kwezakhiwo. Lelifamu lingakwazi ukuqasha abasebenzi abangaphezulu kuka 30 uma lingakhulisa. IMbulungwane Trust iyaqonda inani eliphezulu labantu abangasebenzi emphakathini waseMandlakazi futhi isithule imigomo enikeza intsha nabantu abangasebenzi amathuba okuba yingxene yalephrojekthi. Ama-general worker aqashwa isikhathi esiyizinyanga ezintathu ukuze wonke umuntu abenethuba



lokusebenza. Lephrojekthi iqashe intsha nabantu abangasebenzi abangaphezu kuka 55 ngo 2023 kanye nentsha engu 11 ethole imisebenzi ye-Admin, eyonogada, eyabelusi bemfuyo kanye neyokuphathwa kwefamu.

## ISELULEKO EZIVELA KWABEZOMNOTHO: DAYISA IZINKOMO NGESIKHATHI ESIFANELE

Kubalulekile ukudingida izinto eziningi uma kusaqala iphrojekthi ukuze ikwazi ukuzinza futhi ingenise imali emphakathini. Iphrojekthi kufanele iveze izinto ezingaba inselelo ezithinta imihlomulo etholakalayo uma usebenza ngemfuyo (Izinkomo), okubalwa kukho isikhathi esifanele okumele kudayiswa ngaso izinkomo. Abantu abanangi bangalenza iphutha lokubeka phambili inkunzi endala kunamathole okanye izinkomo ezsencane ezinezinyanga ezingu-9 noma ezingu-10. Kodwa asikho isizathu esiphathekayo sokwenza lokhu. Izilwane ezindala zinezindleko eziningi zokuzinakekela, kanti izinkomo ezincane zidla kancane okwenza zibencane izindleko kuzo. Inani lenkunzi liyehla ngokuhamba kwesikhathi ezimakethe. Ngakho-ke inzuko ibanangi uma abadayisi bemfuyo bezidayisa zisencane izinkomo zabo.



Okunye okubalulekile, uma izilwane zigcinwa isikhathi eside, zibankulu kakhulu, okusho ukuthi zizodinga ukudla okuningi kunakuqala futhi zibulala izitshalo emasimini. Kodwa uma izilwane zidayiswa ngokushesha zisencane, umhlaba uyaqhube ka nokusebenza futhi ungenise imali. Isilwane esiletha umnotho inkomo ngoba iletha amankonyane. Ngamanye amazwi umdayisi wezinkomo uyazuza ngoba inkomo imlethela ezinye izinkomo ezizodayiswa. Okunye okusizayo ukuba nezinkunzi ezimbalwa esibayeni ngoba ikhwalithi yemfuyo ibayinhle.

**“Abadayisi bemfuyo bangayiphindaphinda imali engenayo ngokudayisa isilwane esisodwa esincane njalo ngonyaka kunokudayisa inkomo eyodwa enkulu noma endala njalo ngemuva kweminyaka emithathu.”**

# UKUSEBENZISANA NABALIMI BEMFUYO ABAPHAMBILI EMKAKHENI WENYAMA YENKOMO

UMnuz Donovan Collet (Oyi-CEO yase AC Livestock) uxhase lephrojekthi kusukela iqala ngezeluleko zakhe nolwazi lokuphathwa kwebhizinisi lezinkomo. Uthathe loluhambo ne-SAFDA kwaze kwafika usuku lokunikezelwa kwalephrojekthi kwiMbulungwane Trust. Abe-AC Livestock baphinde bazibophezela ekusizeni lephrojekthi kwezoqeqesho, ukugoma izinkomo kanye nokubhekelela imisebenzi yansuku zonke. Ngesikhathi ecelwa ukuba akhulume nomphakathi, uDonovan ubonge ithuba alinikezwé yi-SAFDA futhi wabongela i-Trust ngokusebenzisana nalenhlangano ebeka abantu phambili futhi ezinikele ekuletheni impumelelo ebantwini.



# KUSHINTSHWA UMSEBENZI WOKULIMA UMOBA: SIBHEKA I-SEEDCANE PROJECT YASE-SOUTH COAST



Kwimizamo yokuthuthukisa izindlela zokutshala nokukhulisa umoba ukuze kungene inzuzo, i-Department of Agriculture and Rural Development ngokubambisana ne-South African Farmers Development Association bathule iphrojekthi yembewu yomoba eSouth Coast. Lephrojekthi ihlose ukunikeza abalimi abasathuthuka ithuba lokuthola imbewu yomoba enekhwalithi ephambili kanye nezinhlobonhlobo zomoba okuzothuthukisa umkhiqizo nokuzenza kwalemboni kulesifunda.

## UMSUKA NEZINHLOSO ZALEPHROJEKTHI

Abalimi bakulendawo banenkinga yokungabikhona kwembewu yomoba esezingeni elihle. Imbewu enekhwalithi ephansi ayigcini nje ngokulimaza inani lomkhiqizo kodwa iletha izifo nezilwane ezilimaza izitshalo okunomthelela ongemuhle kwinzuko yabalimi.

Lephrojekthi yembewu ihlose ukulungisa lezinkinga ngokunikeza abalimi imbewu

enekhwalithi ephambili futhi enezinhlobonhlobo zomoba. Ngokunikeza abalimi imbewu yohlobo oluphambili, kuzonyuka izinga lomkhiqizo, kuthuthuke nezitshalo futhi zikwazi ukumelana nobungozi bezifo nezilwanyana. Lokhu kuzoholela ekutheni abalimi abasathuthuka base-South Coast bakwazi ukuziphilisa kangconywana kunakuqala.



# UKUBAMBISANA NOKUQALA KOMSEBENZI

Ukubambisana phakathi kwe-Department of Agriculture and Rural Development yesifundazwe ne-SAFDA kubalulekile ekuphumeleleni kwalephrokethi yembewu yomoba. I-SAFDA nokufinyelela kwayo kubalimi abaningi kanye nolwazi lwayo kwezokuthuthukiswa kwezolimo idlala indima emqoka njengoba ibheka futhi ixhumana nabalimi abasathuthuka abangahlomula kulephrokethi. I-Department of Agriculture and Rural Development yona iletha ulwazi lokusebenza nezinsiza ukuze kuqinisekiswe ukuthi isebeza ngokufanele kulendawo.

Enye yezinto eziwukhiye kulephrokethi ukwakhiwa kwama-nursery lapho kukhiqizwa khona imbewu eyikhwalithi mese ithunyelwa kubalimi abasathuthuka. Lama-nursery anobuchwepheshe besimanje-manje bokwenza

umkhqizo futhi kuqashwe ama-agronomist aqeqliwi aletha usizo olukhulu kubalimi abangaphansi kwalephrokethi. Ngaphezulu kwalokho, abalimi bayaqeqeshwa ngezindlela ezifanele zokulima, okubalwa kuzo izindlela ezahlukene zokutshala, ukunisela kanye nokulwa nezilwane.



## UMTHELELA NAMATHUBA AZOVELA ESIKHATHINI ESIZAYO

Lephrokethi yembewu isiqalile ukukhombisa imiphumela, njengoba abalimi sebeletha imibiko yokuthi izitshalo zabo zikhula kancono futhi ikhwalithi yomoba isiphezulu kunakuqala. Ngokuniqaza abalimi imbewu eyikhwalithi, lephrokethi angeke igcine nje ngokungenisela abalimi imali kodwa izokwenza umsebenzi wokulima umoba uzinze kulesifunda.

Uma sibheka phambili, lephrokethi kuhloswe ukuthi idluliselwe nakwamanye abalimi abasathuthuka futhi ibakhombise imivuzo yembewu enekhwalithi ephambili. Ngokuqhube ka nokusebenzisana nabalimi

nokubanikeza usizo abaludingayo, kubhekwe ukuthi umkhqizo unyuke futhi kuthuthuke nemboni yonkana eSouth Coast.

Lephrokethi ikhombisa ngokusobala ukuthi ukubambisana phakathi kwezinhlango zikahulumeni nezolimo kungaletha ushintsho olukhulu ezimpilweni zabalimi abasathuthuka. Ukulethela abalimi imbewu yekhwalithi nezinhlobo ezahlukene zesimanje-manje angeke kugcine ngokuhlomulisa izimpilo zabalimi kuphela kodwa imboni yomoba yonke izothuthuka.

# MVELO GUMEDE: UDABA LOKUTHUTHUKA NOKUPHUMELELA NGAPHANSI KWE-NARYSEC

Ezweni lapho intsha isabhekene khona nokungayitholi imisebenzi, izinhlelo ezifana ne-National Rural Youth Service Corps (NARYSEC) zibuyisa inhlansi yethemba njengoba zinikeza intsha amathuba okwenza okuthile ngamathalente nolwazi Iwayo futhi ikwazi ukudlala indima ekuthuthukisweni komnotho wasezindaweni zasemakhaya. Udaba luka Mvelo Gumede lungolunye oluvezza impumelelo yohlelo Iwe-NARYSEC, njengoba enza izinto ezimangalisayo futhi eziletha ushintsho empilweni yakhe.

I-NARYSEC, okuwuhlelo Iwentsha olungaphansi kwe-Department of Rural Development and Land Reform, igxile ekuthuthukiseni amakhono nokwakha amathuba emisebenzi kwintsha yasezindaweni zasemakhaya. Loluhlelo iuhlose ukulwa nezinselelo ezimbili okuwukushoda kwemisebenzi namakhono ngokunikeza intsha amathuba okuthola amakhono ngokwethula kwezinhlelo okubambisene kuzo izinhlangano ezizimele nezikahulumeni.

Uhambo lukaMvelo Gumede ne-NARYSEC luqale ngo 2019 lapho ekhombise khona intshisakalo enkulu yokwenza umehluko emphakathini wangakubo. UMvelo ovela endaweni yasemakhaya ubeqondiswa izinselelo ezibhekene nentsha ekutholeni imfundo esezingeni eliphambili namathuba emisebenzi. Ngenthisakalo yakhe yokuletha ushintsho, ungene ohlelweni Iwe-NARYSEC ngenhoso yokuthola amakhono amasha nokudlala indima ekuthuthukisweni kwezindawo zasemakhaya. Ngaphansi kwe-NARYSEC, uMvelo uzibandakanye ezinhlelweni ezahlukene zokuthuthukisa amakhono okubalwa kuzo ukuqeleshelwa umsebenzi wezolimo, amaproject workshop okupathwa kwamabhzinisi kanye namaphrojekthi okuthuthukiswa komphakathi. Lokhu akugcinanga ngokumikeza amakhono abalulekile empilweni kodwa kumikeze nenhoso namandla okuba nolwazi.



UMvelo uthole ithuba lokusebenzisana nezinhlangano zikahulumeni nezinkampani ezizimele, lapho abone khona izinselelo ezikhona emhlabeni kanye nezixazululo ezisetshenziswayo. Lokhu kusebenzisana nezinhlangano kumsize wathola ulwazi ngokufunda kwaphinde kwamvulela namathuba omsebenzi.

Namhlanje, uMvelo uysibonelo esihle sempumelelo yezinhlelo ezifana ne-NARYSEC. Njengoba esehlome ngamakhono amasha kanye nothando lokuthuthukisa izindawo zasemakhaya, usephenduke ithemba loshintsho emphakathini wangakubo. UMvelo wenza okuningi ukuthuthukisa umphakathi wangakubo, lapha sibala ukulima akwenzayo, amabhzinisi amancane azibandakanya kuwo nezinhlelo zokusiza umphakathi asebenza kuzo.

Impumelelo kaMvelo akusiyona eyakhe kuphela; kodwa ikhombisa amandla ezinhlelo ezifana ne-NARYSEC. Uhambo Iwakhe Iuzokhuthaza futhi lugquqquzele enye intsha yasemphakathini futhi ibone ukuthi kuningi engakuzuza uma izimisele futhi kunamathuba ewatholayo.

Njengoba iNingizimu Afrika iqhube ka nokulungisa udaba lokungabikhona kwemisebenzi entsheni kanye nemizamo yokuletha izinhlelo zokuthuthukisa izindawo zasemakhaya, impumelelo efana nekaMvelo iyasikhumbuza ngokubaluleka kokutshala izimali ezinhlelweni zokuthuthukisa amakhono. Ngezinhlelo ezifana ne-NARYSEC singakha ikusasa eliqhakazile lentsha futhi sithuthukise imiphakathi yasemakhaya.

# I-M10 FARMING ENTERPRISE CC ITHOLE IMISHINI YOKULIMA YENANI LIKA R1.7 MILLION



Kuhambo olukhombisa ukukhula nokuthuthuka kwemboni yezolimo, i-M10 Farming Enterprise CC, eseenza ngaphansi kohlelo Iwe-PLAS LRAD (Land Reform for Agricultural Development), isanda kuthola imishini yokulima ebiza u-R1.7 Million evela kwi-Department of Agriculture, Land Reform, and Rural Development.

Lomnikelo ohlose ukuthuthukisa umsebenzi owenziwa i-M10 Farming Enterprise CC, ukhombise ukuthi ukubambisana kwenza imboni ithuthuke ezindaweni ezingaphansi koMasipala waKwaDukuza.

i-M10 Farming Enterprise CC inamalungu amane omndeni owodwa onezimpande khona KwaDukuza. Lenkampani iqale ukulima umoba ngo 2008 kwifamu elalibolekiwe, i-Margaret, ngaphansi kohlelo Iwe-PLAS LRAD. Lelifamu ebesselibolekwe iminyaka engu-30 linama-hectare angu 323 eMgungundlovu, KwaZulu-Natal futhi seliphenduke indawo yethemba ukuze kunqotshwe inselelo yesomiso sika 2010 nesinye esibekhona kusukela ku 2014 kuya ku 2020.

Lelifamu eliphethwe uMnuz Manival Munusamy Govender, onesipiliyon seminyaka eyisithupha

eseenza njenge-farm manager, aligcinanga nje kuphela ukudlula ezinkingeni zesimo sezulu kodwa selibe yithemba lendawo yomsebenzi kubantu abahlala emiphakathini ehlwempu esondelene nalo.

Lelifamu elathengwa lingenazo izakhiwo nemishini lithole uxhaso olukhulu oluvela kwi-South African Farmers Development Association (SAFDA). Ngoxhaso Iwe-SAFDA, i-M10 Farming Enterprise CC ikwazi ukuthola usizo Iwezimali kuhulumeni okube umzuzu omkhulu ohambeni lwabo olubheke empumelelwani.

Lomnikelo ovela kuMnyango WeZolimo wemishini yokulima ebize imali engu R1.7 million uhambisana ngqo nezinhlelo nokuzinikela kwe-M10 Farming Enterprise CC. Lokhu kutshalwa kwemali kulelibhizinisi kuzokhulisa inani lezitshalo nomkhiqizo futhi kuthuthukise nomnotho womphakathi jikelele.



# IKHAYALETHU CAPITAL PARTNERS: KUNIKEZWE ABALIMI BOMOBA AMANDLA NGOKWEZIMALI

Kumnyakazo omuhle ohlose ukunikeza abalimi abangaphansi kohlelo lokubuyiselwa komhlaba namandla, i-SAFDA Financial Services ngokubambisana ne-Forward Finance Holdings sebesungule iKhayalethu Capital Partners. Lokhu kusebenzisana kuzoletha ushintsho ekuphathweni kwezimali kubalimi bomoba, futhi kuzobalethela ithuba lokuthola izimali abazidingayo ngohlelo lokukhokhelwa Iwama-Season Retention.

iKhayalethu Capital Partners inikeza abalimi ithuba lokuthola imali engaphansi kwama-Season Retention engafika ku 70% ngaphambi kokukhokhelwa ama-Mill. Lokhu kusho ukuthi abalimi bayakwazi ukuzitholela imali abayisebenzele kanzima ngaphambi kwesikhathi, okuholela ekutheni balungiselele i-season elandelayo kangcono.

Ukusabalala nokwehluka kwemikhqizo elethwa iKhayalethu Capital Partners kuletha ushintsho olukhulu kumabhinisi abalimi bomoba. Noma ngabe kubhekwa ukukhokhwa kwemiholo yabasebenzi, ukulungisa imishini, noma ukunakekelwa kwamasimi, abalimi sebenenkululeko yokusebenzisa imali ngendlela abafisa ngayo ngaphandle kokulinda ukukhokhelwa imishini kashukela.

Ukuze bakwazi ukuthola lomkhiqizo, abalimi kufanele babe nama-retention account nemishini angaphezulu kuka R75,000. Lokhu kuqinisekisa ukuthi abalimi abazibophezele kulemboni nemali ethile abayithole nge-season bayahlomula. Abalimi abakwazile ukungena kuloluhlelo bathole imali esuka ku R50,000 kuya ku R2 000 000.

Ukwethulwa kwe-Khayalethu Capital Partners kusho lukhulu ekutholeni amandla ngokwezimali



kubalimi bomoba. Ngokunikeza abalimi ithuba lokuthola imali ye-season ngaphambi kwesikhathi, i-Khayalethu Capital Partners ayehlisi kuphela umthwalo wezimali kubalimi kodwa ibanikeza ithuba lokuhlela kahle umsebenzi nokwenza izinqumo ezizosiza amabhizinisi abo.

Ukuze kwaziswe abalimi abangaphansi kohlelo lokubuyiselwa komhlaba ngalolusizo Iwezimali, ithimba le-SAFDA Financial Services lihambele izindawo ezahlukene zakwaZulu-Natali (KZN). Lokhu bekuhloswe ngakho ukukwazisa abalimi abangaphansi kohlelo lokubuyiswa komhlaba ngamathuba alethwa i-Khayalethu Capital Partners nokuthi bangahlomula kanjani kulo. Abalimi bakujabulele kakhulu ukuzwa iminingwane kulelithimba futhi abaningi bakhombisa intshisakalo yokuzitholela inkululeko yezimali ngokusebenzisa izinhlelo zase Khayalethu Capital Partners.

Ukubambisana kwe-SAFDA Financial Service ne-Forward Finance Holdings kukhombisa ukuzibophezelwa kwalezinhlango zombili ekuthuthukiseni imboni yomoba. Ngokulethelwa izixazululozezimaliezifananalezizaseKhayalethu Capital Partners, abalimi bangalindela ikusasa eliqhakazile futhi elizobalethela inkululeko ngokwezimali.

iKhayalethu Capital Partners isiyithembu labalimi bomoba, njengoba ibanikeza inkululeko ngokwezimali abazidingayo ukuze bathuthuke. Ngezindlela zayo ezintsha zokusebenza nokuzinikela ekuletheleni impumelelo kubalimi, i-Khayalethu Capital Partners izoletha ushintsho olukhulu ezimpilweni zabalimi bomoba.

# IKHAVA KAMASINGCWABISANE IYAQHUBEKA NOKUSEBENZA NABANTU SEBETHOLE OMAKHALEKHUKHWINI BABO



Intuthuko noshintsho kuza kahle emiphakathini elimayo yalapha eNingizimu Afrika. I-SAFDA Funeral Cover ehambisana ne-Airtime/Funeral Cover isisebenza ngokuphelele njengoba silokhu sinyuka isibalo sabantu abajoyina loluhlelo futhi abathola amafoni.

Ngokubheka izinselelo ezehlukile abalimi ababhekene nazo eNingizimu Afrika, i-SAFDA ize nesixazululo esingagcini kuphela ngokwehlisa umthwalo wezimali uma abantu beshonelwe kodwa esiqinisekisa ukuthi abalimi bayakwazi ukuxhumana neminden yabo ngaso sonke isikhathi.

Le-Funeral Cover ebhaliswe ngaphansi kwabaholi kulomkhakha, i-Sanlam, iletha usizo olukhulu kubalimi. Njengoba abantu abaningi bejoyina loluhlelo, i-SAFDA isibone umthelela omuhle olethwa iloluhlelo kubalimi ezweni lonke. Kuloluhlelo Insika ukunikezwa kwabalimi omakhalekhukhwini, okuwuphawu olukhombisa ukubaluleka kwezinsiza

zokuxhumana. Lamafoni axhumanisa abalimi nemiphakathi yabo, aba lethela imininingwane ebalulekile nokubakhela isizinda sokusizana. I-Samsung ne-Huawei badlale indima enku kuloluhlelo, lapho beginisekise ukuthi abalimi bathola amafoni asezingeni eliphezulu futhi abasiza ngezidingo zabo.

Impumelelo ye-SAFDA Funeral Cover ibonakala ngokukhula kwesibalo sabantu abangene kuloluhlelo. Njengoba umndeni we-SAFDA ukhula, noxhaso kanye nokusizakala kwabalimi base Ningizimu Afrika nakho kuzokwanda.

Ukungena kwabantu abaningi kuloluhlelo kuwuphawu lokukhula kwabalimi ababona ukubaluleka kokunakekela imindeni nokuqinisekisa ukuthi isimo sezimali sikahle ngezikhathi ezinzima. I-SAFDA Funeral Cover akusiwona nje umasingcwabisane; kodwa uhlelo olunikeza abalimi amandla okubhekana nekusasa nezinselelo ezingavela.